


**KZN**MUNICIPAL PENSION FUND
Together We Grow Your Wealth

FUND PUBLICATION

AUGUST 2025

R29 BILLION!!!



Isikhwama sakho silokhu siqhubeke njalo sikhula ngokomnotho. Isamba semali yesikhwama seyifike ezigidigidini ezincomekayo ezingu 29 zama-Randi.

KHULISA IBHODWE LAKHO LOKONGA

Amalungu avumelekile ukuthatha ebhodweni lokonga kumabhodwe amabili (Two-Pot) **KANYE NGONYAKA**. Awuphoqelekele ukuthatha minyaka yonke, thatha kuphela uma kunesidingo. Ibhodwe lakho lokonga liyaqhubeka nokukhula nenzuzo ngaphezulu njalo uma ukhokha empeshenini nyangazonke. Khumbula, izimali ozongele impesheni kumele zikuqhube isikhathi eside ngemuva komhlalaphansi. Ungayiqedi imali yakho, bhekelela isifiso sasekugcineni.



NGABE USUNGAHLALA PHANSI USUNEMINYAKA ENGU 65?

HHAYI OKWAMANJE eKZNMPF

Izinguquko ezisanda kumenyezelwa maqondana nonyaka wempesheni azisithinti isikhwama sakho. Unyaka wakho womhlalaphansi uncike kwinkontileka yakho yokuqashwa kanye nemibandela yokusebenza yohulumeni basekhaya. Okwamanje izinguquko zithinta abasebenzi bakahulumeni kazwelonke kanye nohulumeni bezifundazwe. Uyokwaziswa ngumqashi wakho uma isigungu sikakhukhulela ngoqo sokuxoxisana sesiyamukele lemithetho.



KZN

MUNICIPAL PENSION FUND
Together We Grow Your Wealth



INGQUNQUTHELA YEZEMPESHENI KA 2025



Kwesokunxele: Usihlalo wekomidi lezokuxhumana leKZNMPF, uMnu. Siphokuhle Ntuli
Phakathi nendawo ngenhla: Umphathi wehhovisi leKZNMPF, uMnu. Thomas Mketelwa
Phakathi nendawo ngezansi: Amalungu akwaKZNMPF esetafuleni lokubhalisa
Kwesokudla: Amalungu akwaKZNMPF ayesemhlanganweni

Siyabonga kumalungu akwaKZNMPF, nakuye umqashi onguMaspala weTheku, ngokuvumela amalungu abe yingxenye yengqungquthela yethu yokwezokuhlelela umhlalaphansi ebingomhlaka 13 Agasti 2025 eDurban Exhibition Centre. Sethemba ukuthi ibe wusizo naphuma nolwazi enizoludinga uma senihlela umhlalaphansi.

Uma ungaphumelelanga, hlela usuku lokuxoxisana nomeluleki wangaphakathi esikhwameni kwizimali zempesheni. Ungasithumela umyalezo nge-email ku info@kznmpf.org noma ushaye ucingo ku **031 322 9001**. Asithathe izinqumo ezinobuhlakani ngomhlalaphansi sisenesikhathi sokuhlela kuqala.

**Siyabonga
ukuba
KWAKHO
nathi!**



ZISIZE MATHUPHA NGE INTHANETHI

Yeqa ulayini uthole ulwazi ngesikhwama sakho kwi inthanethi.

Thola imininingwane yokusebenzisa loluhlelo ngokuthumelela i-email njengamanje ku info@kznmpf.org, usiphe usuku lwakho lokuzalwa nenombolo yakho yomsebenzi (*service number*).

IZINGCINGO ZETHU SEZIYASEBENZA

Amalungu aseyakwazi ukuxhumana nehhovisi lwesikhwama ngokushayela ucingo ku **031 322 9001**.

Amahhovisi ethu avulwa kusukela ngo 8 am kuya ku 4 pm phakathi nesonto.

www.kznmpf.org || info@kznmpf.org